*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.*

*UDaisy oyisimanga!*
Written by Nozizwe Herero
Illustrated by Siya Masuku
Designed by Leona Ingram
Translated by Nal'ibali
with the help of the Book Dash participants in Johannesburg on 27 June 2015.

ISBN: 978-1-928377-64-1

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.
No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.
Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.
No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

Kwesukasukela, epulazini elincane eliseduze nasemzini omncane, kwakuhlala khona ichwane lenkukhu elibizwa ngoDaisy.



“Lapho sengikhulile, ngifuna ukundiza ngiye phezulu esibhakabhakeni,” kusho uDaisy.



Kodwa zonke ezinye izinkukhu zamhleka.



“Uyabheda nje,” kusho zona.
“Angeke sisaphinde sidlale nawe.”



“We Daisy, sonke siyakwazi ukushaya amaphiko kodwa kunzima kakhulu ukuthi izinkukhu zingandiza,” kusho uMama kuye.





Wayengafuni ukuyeka uDaisy.

Nsuku zonke
wayezilolonga yedwa,
eshaya amaphiko akhe.

Bhaku, bhaku, bhaku – eshaya
amaphiko akhe, kodwa
wayengakwazi ukusuka
phansi.



amazing-daisy_interior.indd 13 2017/12/14 4:35 PM



Ngenkathi ezilolonga, wayezibona ngamehlo engqondo endizela phezulu esibhakabhakeni, ebuka izinkukhu le phansi.

Wayezibona ngamehlo engqondo endiza edlula ondlunkulu nezinkonjane.

“Suka lapha!” kusho ezinye izinyoni. “Inkukhu ekwazi ukundiza!”

amazing-daisy_interior.indd 15 2017/12/14 4:35 PM



Ngakho-ke ... bhaku, bhaku, bhaku – uDaisy wayeshaya amaphiko akhe nsuku zonke.

Wayesuka phansi, kodwa aphinde awe futhi.



“Angeke ngikwazi ukundiza!” kukhala uDaisy kuMama. “Ziqinisile ezinye izinkukhu.”



"Daisy, uhlukile kwezinye izinkukhu.
Azifuni ukundiza, kodwa wena uyafuna!
Ungakwazi," kusho uMama.



Ngosuku olulandelayo uDaisy wagibela phezu kwehhoko lezinkukhu wase – bhaku, bhaku, bhaku – eshaya amaphiko akhe.

Wandizela emoyeni wase eshaya amaphiko akhe ...

wase eshaya amaphiko akhe ...

wase eshaya amaphiko akhe wase ...



Ezinye izinkukhu zahleka kakhulu.

“Ha, ha, ha! Sikutshelile! Izinkukhu azikwazi ukundiza!”



amazing-daisy_interior.indd 23 2017/12/14 4:35 PM

Kodwa ngosuku olulandelayo uDaisy waphinde wenyukela phezulu, wafika esicongweni sendlu.





Bhaku, bhaku, bhaku – uDaisy eshaya amaphiko akhe.





Wandizela emoyeni wase eshaya amaphiko akhe ...
wase eshaya amaphiko akhe ...
wase eshaya amaphiko akhe wase ...

... eqhubeka nokundiza.

Umoya ongaphansi kwamaphiko akhe waya ngokuba namandla, nokuba namandla futhi wase endiza eya phezulu, waphinde waya phezulu futhi!

Ondlunkulu nezinkonjane zathi, “Kuyisimangaliso lokhu! Inkukhu endizayo!”



Kanti ezinye izinkukhu zazifuna
ukuba njengaye.
Zathi, “O, Daisy, uyisimanga!”

